**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B. H. CELE EMCIMBINI WOKWETHULA ISIQUBULO IMISEBENZI IYABONAKALA NGESONTO, 30 NOVEMBER 2008**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ngonyaka ka-2004, njengohulumeni senza isivumelwano nabantu bakithi esisekeleke ekuvikeleni ababuthaka. Nizovumelana nami ukuthi njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, zonke izinhlelo zethu zihlose ukufeza lesi sivumelwano.

- Ngokwalesi sivumelwano, uMnyango wezokuThutha ulokhu uqhubeke njalo nokuqinisekisa ukuthi imigwaqo esiyakhayo ihlomulisa imiphakathi empofu. Siyaqinisekisa ukuthi imigwaqo esiyakhayo iyindlela yokufinyelela kwezomnotho.

- Siyaqinisekisa futhi ukuthi izithuthi zomphakathi zisebenziseka kalula, ziphephile futhi azimbi eqolo ukuze kungasizakali abantu abahlala ezindaweni ezinjengakoDurban North nasemlazi kuphela, kodwa nabantu basemsinga, oPhongolo, eMahlabathini nakwezinye izindawo.

- Siyaqhubeka nokuqinisekisa ukuthi ukuhlelwa kwemigwaqo kwenziwa ngokudidiyela ngendlela yokuthi imiphakathi ezindaweni zasemakhaya ikwazi ukufinyelela ezikoleni, emitholampilo, ezibhedlela nakwezinye izindawo zosizo.

- Yingakho-ke namhlanje sesikwazi ukubona abantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso zethu. Ngempela imisebenzi iyabonakala.

- Phela akuqali ukuthi kube nohulumeni emlandweni weNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi sebeqalile manje ukubona ushintsho ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zentuthuko ezilethwa uhulumeni wentando yeningi.

- Njengoba isikhathi salo hulumeni oholwa nguNdunankulu uMzwandile Mkhize — 

- Njengoba isikhathi salo hulumeni oholwa nguNdunankulu uManzankosi siphela ezinyangeni ezimbalwa ezizayo, ngithanda ukunihalalisela nonke esenihlomulile ezinhlelweni zikahulumeni.

- Ngithanda ukubonga nabo bonke esisebenzisana nabo eMnyangweni wezokuThutha abalokhu beqinisekisa ukuthi sihamba ngomgudu owodwa njengomnyango wezokuthutha selokhu ngaqokelwa ukuba nguNgqongqoshe walo Mnyango. Imisebenzi yenu iyabonakala.

- Nokho-ke, eminye yemisebenzi yethu esifundazweni sonke isiyaphothulwa manje kanti izodluliselwa ngokusemthethweni emiphakathini ngaphambi kokuphela konyaka wezimali. Ngokuqondana kwezinto-ke, lesi kuzobe kuyisikhathi sokhetho, kodwa thina sithi noma kunokhetho noma lungekho okwethu nje ngukugcina izithembiso.

- Ngithanda ukugcizelela ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusiza abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki. Ninelungelo lomthethosisekelo lokuthola izidingo noma ngabe, ngesizathu sakho, awulivotelanga iqembu eliphethe uhulumeni.

- Ngakho-ke njengoNgqongqoshe wezokuThutha kulesi fundazwe saKwaZulu-Natal, nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi sibuyisela isithunzi sothisha nabafundi besifazane okumele bakhumule izingubo uma bewela imifula.

- Nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi akukho muntu noma inhlangano ezosivimba ukuthi silethe ingqalasizinda kubantu bakithi. Yingakho-ke umcimbi wanamhlanje uhlanganisa ukuphendulwa kwesoyi lokwakhiwa komgwaqo iMbudle neBhulohwana, esithi icauseway.

- Umsebenzi wokwakha lapha uzohambisana nokutshalwa kwemali endaweni ngamathuba emisebenzi azotholwa ngabantu bendawo. Ilinganiselwa ku-R 1,75 million imali ezothathwa yilo msebenzi. Ngo-April wonyaka ozayo lo msebenzi uyobe usuphelile.

- Kuyiqiniso ukuthi ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo akubanga ukuqeda ukungalingani kwaphambilini kuphela kodwa kudingeke ukuthi sibhekane nezinselelo ezintsha njengobugebengu, ingculazi, ububha, ukuntuleka kwemisebenzi nokunye. Yingakho sabe sesizibekela umgomo wempilo engcono kubantu bonke.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.

- Kule minyaka emihlanu edlule uMnyango uqhamuke nezinhlelo eziningi ezihlanganisa, phakathi kokunye, u-Operation Kushunquthuli, imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni, uSiyazenzela, usoseshini wabagibeli, i-Transport Academy ne-Road Monitoring Programme esiqhubeka nokuyisabalalisa kule ndawo namhlanje.

- Ngiyajabula ukusho ukuthi kusukela ngo-2004, kuningi osekwenziwe ukugqugquzela ukuqasha, ukukhuphulela ezikhundleni nokugcina abesifazane ukuze bameleleke ngokufanele kubasebenzi balo Mnyango.

- Sengiphetha, mangithathe leli thuba ngihalalisele umphakathi wakwaZulu-Natal ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazolethwa kuwona.

- Imali engu-R 878,6 billion etshalwe kwingqalasizinda nokuqashwa kosonkontileka bakazibambele abangaphezulu kuka-38 000 asebekwaze ukonga ngaphezulu kuka-R 8,2 million kulesi fundazwe kule minyaka emihlanu, kuyakhombisa ukuthi ngempela sibuyisela okwabantu kubantu, imisebenzi iyabonakala.

**Ngiyabonga.**